



Hillcrest High School

Umnnyango wesiZulu

**IBANGA LESI-9**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**

**(FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

**LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-14**

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (25)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (35)

1. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50

ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30

ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

**ISIQEPHU A : ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1 Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

**UMBHALO A: OFUNDWAYO****UNGALILAHLI ITHAWULA (NEVER GIVE UP)**

- 1 Impilo (life) yomfana owasha izandla zombili ngesikhathi kuqhuma (burnt) injini kaphethiloli (petrol engine) ngonyaka ka-2010. Impilo yakhe yenziwe yaba ngcono (better) ngosizo (help) lwaBangani Bempela abamtholele ikhompyutha (computer) azobhala (write) ngayo. Igama lomfana (his name) nguSibongiseni Nkomo wakaDongothule (he lives) kwaNongoma oneminyaka (age) eyi-15. Usibongiseni washa izandla zombili edumisa injini kaphethiloli ngezinsuku zemidlalo yebhola (soccer matches) yendebe yomhlaba (world cup) ngowezi-2010. Izandla zakhe zasha kakhulu (extremely burnt) kwadingeka ukuba zinqunywe (cut off) ezihlakaleni (wrists).
- 2 Ngesikhathi elulama (recovers) esibhedlela (hospital) bamfundisa ukusebenzisa ikhompyutha (he was taught how to use a computer). Uthi ukubhala ngekhompyutha kuyashesha (faster) kunokubhala ngepeni (hand writing). Usibongiseni obukeka kungamehlisi amandla ukulimala kwakhe uthi uyakwazi ukusebenzisa (use) ipeni ngezingalo zakhe zombili.
- 3 Ikilabhu (team) yabafundi ebizwa (called) ngeBangani Bempela yaqoka (appointed) uSibongiseni njengomuntu (as a person) odinga uxhaso (needs a donation). "Sifisa ukwakha isikhwama semali (we'd like to create an account) esizosiza ukukhokhela (pay) izandla zokufakela (prosthetic hands)," kusho (says) uSista Buthelezi okunguyena thisha ongumsungula (founder) waleli kilabhu.
- 4 "Amalunga (team members) ale kilabhu aye abheke (they look) labo bantu abadinga ukusizwa, abangenayo indlela yokuzisiza njengabantu abampofu (poor people). Ikilabhu idayisa (sells) amaswidi, amapeni namapensela ukwenza (raise) imali yokusiza imindeni ehlwempu (poor)," kuqhuba (continues) yena uSista Buthelezi. Kulokhu ikilabhu yabhalela umnyango wezeNhlalakahle mayelana nodaba lukaSibongiseni. Ungqongqoshe (Minister) woMnyango wezeNhlalakahle uziyele (went) yena esikoleni elethe (delivers) ikhompyutha kaSibongiseni.


5 Ekhuluma (speech) ngesikhathi edlulisa isipho uthi, “Usibongiseni unikeza (gives) ithemba (hope) kwabaningi ngoba akakuvumeli (he doesn’t allow) ukukhubazeka (being disabled) kumvimbele (stops) ekuphileni impilo ejwayelekile (normal). Siyabonga (we thank) kuBangani Bempela ngomsebenzi (work) wabo otusekayo (good).”

Ubhalwe nguSibongile Mthabela weSolezwe

- 1.1.1 Ubani obhale lo mbiko? (1)
- 1.1.2. USibongiseni uneminyaka emingaki? (1)
- 1.1.3. USibongiseni wafunda kephi ukusebenzisa (*use*) ikhompuyutha? (1)
- 1.1.4. Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo  
USibongise **washa (*burnt*)**
- A. Ikhanda
- B. Izandla
- C. Izinyawo
- D. Isisu (2)
- 1.1.5 . Ubani owasungula (*founded*) ikilabhu ebizwa ngeBangani Bangempela? (2)
- 1.1.6. Bala (*list*) izinto EZINTATHU abafundi abazidayisa (*sell*) ukusiza abantu (*poor people*)? (3)
- 1.1.7. Walimala kanjani lo mfana okukhulunywa ngaye? (2)
- 1.1.8. Benza msebenzi (*duty*) muni Abangani Bempela? (2)
- 1.1.9. Tomula (*pick*) amazwi kaNgqongqoshe wezeNhlalakahle aveza  
uSibonguseni **akalilahlanga ithawula** emva kokulimala. (2)
- 1.1.10. Ngokucabanga kwakho ungumuntu onjani (*personality*) uSibongiseni? (2)
- 1.1.11. Ngabe isihloko (*title*) siyahambisana (*related*) nombiko? (2)

1.2 Bukisisa le sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B: OBUKWAYO.



[Sicashunwe kuphephandaba i-*The Times*

1.2.1 Bangaki abantu abagibele ngemuva kuleli veni (1)

1.2.2. Kungani amanye amadoda ehleli phansi engagibeli emotweni? (2)

1.2.3. Nikeza uhlobo lwe sabizwana kulo musho olandelayo

Udlala ngathi lo basi Mkhize. (2)

[25]

## **ISIQEPHU B : UKUFINGQA**

### **UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezindlela zokuvikela isifo sokuwa.

### **IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile angeqi /angadluli kwangama – 60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku 1 kuya kweye – 7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile

### **UMBHALO C: (OFUNDWAYO)**

<b>IZINDLELA ZOKUVIKELA ISIFO SOKUWA</b>
--

- |   |
|---|
| <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Isifo sokuwa singesinye sezifo esikuphatha kakhulu uma kushisa. Kuningi okungenziwa ngumuntu onalesi sifo ukuvimbela ukuthi singaphinde simvuke. Nazi izindlela abantu abanalesi sifo abangazilandela.</li> <li>2 Kubalulekile ukuthi umuntu onalesi sifo uma kushisa kakhulu agqoke izingubo ezipholile. Lokhu kungasiza ukuthi umuntu angazitholi esejuluka ngendlela engamlethela isifuthufuthu esingadala/esingenza ukuthi avukwe yilesi sifo. Kusemqoka ukuthi umuntu onalesi sifo angagqoki izingubo ezinemibala edonsa (attract) ukushisa. Ukufudumala ngokweqile ebusuku nakho kungenza ukuthi uvukwe yilesi sifo. Umuntu kufanele alale endaweni epholile. Kuyasiza ukungasheshi ulale, kodwa uye embhedeni uma usuwozela kakhulu.</li> <li>3 Umuntu akazivikele ekukhanyeni okuhlabayo noma okugqame (bright) kakhulu. Lokhu kungaba ngamalambu (disco lights) asetshenziswa ezindaweni zobumnandi noma ukukhanya kwemihlobiso okuhlaba kakhulu ebusuku. Izindawo lapho kunomsindo omkhulu nabantu abaningi kumele uzibalekele. Zama ukuzigwema (avoid) lezi zinto ngoba zingaba yingozi. Uma umuntu ezithola esendaweni enomsindo kuyaye kube ngcono ukuthi asebenzise okufakwa ezindlebeni okuzovikela ukuthi angawuzwa umsindo.</li> <li>4 Umuntu onalesi sifo kufanele abheke indlela adla ngayo. Makadle ukudla okunempilo. Utshwala bungaba yingozi enkulu, ngakho-ke akufanele ukuthi umuntu abuphuze, lokho kungafana nokuthi usuyazibulala. Umuntu onalesi sifo uma eselala makaphuze amanzi kuphela. Ukuphuza</li> </ol> |
|---|

ikhofi noma itiye kungasivusa lesi sifo. Izithako (ingredients) ezikulezi ziphuzo azizwani nomuntu onesifo sokuwa.

- 5 Okokugcina, umuntu onesifo sokuwa kumele akwazi ukuhlela impilo yakhe ngendlela. Uma ezohamba kufanele azinike isikhathi esanele sokuzilungiselela. Ukwenza izinto eshesha, kungamenza ajuluke bese kumvusela lesi sifo.

**[10]**

**ISIQEPHU C : UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**BUKISISA LESI SIKHANGISO BESE UPHENDULA IMIBUZO EZOLANDELA**

**UMBUZO 3 : ISIKHANGISO**

**UMBHALO D : (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**YENZA UKUBA UMZIMBA WAKHO  
UBE BUSHELELEZI  
NGOKUPHAZIMA  
KWESO.**

**Ikunika isikhumba  
esibushelelezi  
ngokushesha!**

**Clere®  
ACTIVE**

**Yiba muhle. uthandeke.**

**ESEZINSIZWA EZIZITHANDAYO KUPHELA**

**3.1 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo**

Lesi sikhangiso sikhangisa

- A) Ijimi
- B) Ukhilimu womzimba /Isigcobo somzimba
- C) Insipho yokugeza.
- D) Ukhiye

(1)

**3.2 Chaza isimo sokukhuluma esilandelayo**

- Ukuphazama kweso (1)
- 3.3 Kungabe lesi sikhangiso sibhekiswe kobani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.4. Kungani igama elithi Clere libhalwe Ngokugqamile. (2)
- 3.5 Kubaluleke ngani ukusetshenziswa kwesithombe kulesi sikhangiso.
- Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

**[8]**

**UMBUZO 4: IKHATHUNI**

Bukisisa Umbhalo E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E : (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

4.1 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo

Into ephethwe Umuntu wesilisa esandleni

- A) Isixubho
- B) Isibhamu
- C) Umshini wokomisa izinwele
- D) Isitsha

(1)

4.2 Chaza kafushane ukuthi igama elidwetshelwe enkulumeni yowesimame likhombisa ubudlelwane

Obunjani phakathi kwabo

(2)

4.3 Ucabanga ukuthi inkulumo ekule khathuni iyahambelana yini nesenzo salowo wesilisa ? Sekela impendulo yakho.

(2)

4.4. Ngombono wakho kungani owesilisa engamunikezanga umshini wokomisa izinwele.

(2)

[7]

**UMBUZO 5**

Fundisisa Umbhalo F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)****UKUBONGA**

Kuhle ukubonga. Sekukhona umkhuba owandile wokungabongi. Kuba kuhle ukuthi uma umuntu ekwenzele into enhle ubonge. Izingane eziningi zinawo umkhuba wokungabongi. Kuwumsebenzi womzali ukukhulisa futhi anakekele ingane. Ayikho into ejabulisa umzali uma ezwa ingane yakhe ibonga uma kukhona ayenzele khona. Ukubonga kuhamba nezibusiso. Uma ingane ibongwa umuntu omdala ivamise ukuthola izibusiso. Phela umuntu omdala akavamisile ukugcina ngokubonga. Uze athi iNkosi ikubusise mntanami. Izibusiso ziyantshontshwa. Kuba kuhle ukuba uma uyingane uzibuze ukuthi ubongwe kangaki osukwini. Uma lishona ungakaze ubongwe, kusho ukuthi asikho isibusiso ositholile.

5.1 Bhala isigaba sebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

**Izibusiso** (1)

5.2. Guqula ibizo elingenzansi likhombe ubuningi

Ingane. (1)

5.3. Gcwalisa ngezivumelwano ezifanele.

5.3.1. Isikhathi yashesha uma Kuyi mpelasonto. (1)

5.3.2. Abantu bahlalelwe umsebenzi khulu. (1)

5.4. Nikeza ubulili besifazane kule libizo elingezansi.

5.4.1. Ubaba. (2)

5.5. Tomula isabizwana soqobo kulo musho olandelayo bese usisebenzisa kumusho oziqambele wona.

Isikhathi sona sihambile. (2)

5.6. Chaza leli gama elingezansi liveze izincazelo ezimbili.

5.6.1 Inyanga. (2)

5.6.2 Inyanga (2)

5.7 Hlobo luni lwe sichasiso lesi esitholakala kulo musho ongezansi?

Umkhulu **omnyama** ontshontshe isikibha.

(2)

5. Bukisisa Umbhalo G bese uphendula imibuzo ezolandela

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**



[Isithombe sicashunwe ku [www.googlepictures.com](http://www.googlepictures.com) ]

5.8 Qondanisa izimpendulo ngendlela efanele

1) Inhliziyo yetshe	A) Umuntu wesifazane okuzalayo
2) Intandane	B) ukungabi namizwa
3) umama	C) Ingane enganabo abazali

- (3)
- 5.9. Nikeza isizathu ESISODWA esingenza kuboshwe ukudla (1)
- 5.10 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo
- le mali yonke umama angishiyela yona iphi. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESWONKE [70]**